# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

Intshumayelo ngesonto 3 emva komkhosi wePhifaniya, ngomhla ka 22. 01. 2012
09/2012

**Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele**.

1. Iculo 75/68

2. **Umkhuleko:** Nkosi Nkulunkulu, Baba wethu osezulwini, siphambi kwakho nanamuhla ukulizwa izwi lakho. Sibonga kakhulu ukuthi wasipha iNdodana yakho uJesu Kristu ukuba ibe yinhlawulo yezono zethu, wabuye wayibonakalisa ezizweni zonke ukuthi inguMsindisi wabantu bonke. Nkosi, akuthi-ke namanje sisezakulizwa izwi lakho usiphe uMoya wakho oNgcwele ukuba samukele loMsindisi wethu ngokukholwa, simethembe ukuthi nguyena onguMsindisi wethu manje, kuze kube phakade. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 12:14-17;
Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 8:5-13.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5.Iculo 148/138

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Izwi lentshumayelo** ngohlelo lwesine lilotshiwe
ku 2 amaKhosi 5:1-19a, lithi: “UNahamani induna yempi yenkosi yaseAramu wayengumuntu omkhulu phambi kwenkosi yakhe, otusekayo ngokuba uJehova wayenikile iAramu ukungqoba ngaye; futhi wayeyiqhawe elinamandla, kepha wayenochoko. Ama-Aramu ayephumile ngamaviyo, abuya ezweni lakwaIsrayeli enentombazana encane; yayiyincekukazi yomkaNahamani. Yathi enkosikazini yayo: Sengathi inkosi yami ingaba-phambi komprofethi oseSamariya; khona ibiyakuphiliswa ochokweni lwayo. Yangena, yatshela inkosi yayo yathi: Intombanzana yasezweni lakwaIsrayeli yasho ukuthi nokuthi. Inkosi yaseAramu yayisithi: Yiya khona; ngizakuthuma incwadi enkosini yakwaIsrayeli. Wasuka, wahamba namatalenta ayishumi esiliva nezinhlamvu eziyizinkulungwane eziyisithupha zegolide, nezingubo eziyishumi zokuphendulela. Waletha incwadi enkosini yakwaIsrayeli, ethi: Manje, lapho lencwadi ifika kuwe, bheka, ngithumile uNahamani inceku yami kuwe ukuba umphilise ochokweni lwakhe. Kwathi inkosi yakwaIsrayeli isiyifundile incwadi, yaklebhula izingubo zayo, yathi: Mina ngingunNkulunkulu yini ukuba ngibulale, ngiphilise, ukuze lo athumele kimi umuntu ukumphilisa ochokweni lwakhe, na? Ake niqonde, nibone ukufuna kwakhe ithuba lokulwa nami. Kwathi uElisha umuntu kaNkulunkulu esezwile ukuthi inkosi yakwaIsrayeli iklebhulile izingubo zayo, wathumela enkosini, wathi: Uklebhuleleni izingubo zakho na? Makeze kimi, aze azi ukuthi kukhona umprofethi kwaIsrayeli. Wayesefika uNahamani namahashi akhe nezinqola zakhe, wema ngasemnyango wendlu kaElisha. UElisha wathuma isithunywa kuye ngokuthi: Hamba ugeze kasikhombisa eJordani; kuyakuthi inyama ibuyele kuwe, uhlambuluke. Kepha uNahamani wathukuthela, wahamba, wathi: Bheka, bengithi uyakuphumela nokuphumela kimi, eme abize igama likaJehova uNkulunkulu wakhe, aphunge ngesandla sakhe phezu kwaleyondawo, aphilise onochoko. OAbana noFariphari, imifula yaseDamaseku, abangcono kunawo onke amanzi akwaIsrayeli na? Ngingegeze kuyo yini, ngihlambuluke, na? Wayesephenduka, wahamba ethukuthele. Kepha izinceku zasondela, zakhuluma kuye, zathi: Baba, uma umprofethi ebekhulumé kuwe into enkulu, ngabe ungayenzanga na? Kakhulu kangakanani, uma ethi kuwe: Geza, uhlambuluke, na? Wayesehla, wazicwilisa kasikhombisa eJordani njengezwi lomuntu kaNkulunkulu; inyama yakhe yabuya yaba-njengenyama yomntwana omncane, wahlambuluka. Wayesebuyela kulowomuntu kaNkulunkulu, yena nabantu bakhe bonke, weza, wema phambi kwakhe, wathi: Bheka, sengiyazi ukuthi akakho uNkulunkulu emhlabeni wonke, kwaIsrayeli kuphela; ngakho ake wamukele isipho encekwini yakho. Kepha wathi: Kuphila kukaJehova engimi phambi kwakhe, angiyikwamukela-lutho. Wamncengisisa ukuba asamukele, wenqaba kodwa. Wayesethi uNahamani: Uma kunjalo, inceku yakho mayinikwe umthwalo weminyuzi emibili womhlabathi, ngokuba inceku yakho ayisayikunikela ngomnikelo wokushiswa nomhlatshelo kwabanye onkulunkulu, kuJehova kuphela. Kulento uJehova makayithethelele inceku yakho: ekungeneni kwenkosi yami endlini kaRimoni ukukhuleka khona, isencika esandleni sami, ngiguqe nami endlini kaRimoni, lapho ngiguqa endlini kaRimoni, uJehova makayithetheleli inceku yakho lento. Wathi kuye: Hamba ngokuthula.” Amen.

**8. Intshumayelo:** Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, sisemasontweni esikhathi sePhifaniya, okuyisikhathi sokubonakaliswa koMsindisi wethu uJesu Kristu kwabezizwe. Namuhla-ke sekuyisonto lesithathu emva komkhosi wePhifaniya. Yebo, bandla, uJesu ozelwe eBethelehma akasiye uMsindisi wabaJuda kuphela, kodwa unguMsindisi wabantu bonke, bezizwe zonke bezikhathi zonke; unguMsindisi wami, unguMsindisi wakho. Bandla, amazwi entshumayelo yethu yanamuhla siwafumana encwadini yesibili yamaKhosi, lapho sifunda khona ngoElisha, umuntu kaNkulunkulu, mhla ephilisa uNahamani kuso isifo sakhe sochoko. Ngakho-ke, masizwe izwi elikhulu elithi: **UJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla.**

1. Masimethembe yena!
2. Masimbonge yena!

**1. Masimethembe yena!** Bathandekayo eNkosini, kuwo amazwi entshumayelo yethu yanamuhla sifunda ukuthi uNahamani, induna yempi yenkosi yase-Aramu, wayengumuntu omkhulu phambi kwenkosi yakhe otusekayo, ngokuba uJehova wayenikile i-Aramu ukunqoba ngaye; futhi wayeyiqhawe elinamandla, kepha wayenochoko. Bandla, ukuze siqondisise lendaba kumelwe sazi ukuthi lesisifo sochoko yisifo esinjani. Lesisifo yisifo esesabekayo esithathelwanayo. Futhi kwakuyisifo esasingelapheki. Lesisifo sidla inyama yomuntu esimphethe abe mhlophe. Hu! Umuntu uphethwe yilesisifo wayekhishwa phakathi kwabantu, ahlala yedwa, ukuze phela angatheleli abanye. Bandla, kwakunjalo nangaye

uNahamani, induna yempi yenkosi yase-Aramu. Singasho sithi: Wayegulile isikhathi eside ephethwe yilesisifo; mhlawumbe wayesezamile impilo ehla enyuka efuna usizo, kepha akalutholanga; uchoko lwaqhubeka lwaya phambili. Bandla, uJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla, masimethembe yena. Bandla, lapho thina sehlulekile khona, kepha uNkulunkulu akehluleki. Lapho sekumnyama khona kithi singasaboni phambili, uNkulunkulu ufika akhanyise. Lapho thina sesiphelelwe ngamathemba, uNkulunkulu ufika maqede kuvuke amathemba, abagulayo baphile. Bandla, nanka ama-Aramu ephuma ngamaviyo, abuya nentombazana encane yakwaIsrayeli, isifikile iyezwa ithi: "Sengathi inkosi yami ingaba phambi komprofethi oseSamariya; khona ibiyakuphiliswa ochokweni lwayo." UNahamani wangena watshela inkosi yakhe lokho okushiwo yintombazana yakwaIsrayeli. Inkosi yakhe yamthuma ukuba aye khona, ukuze aphile, ochokweni lwakhe; wahamba-ke. "Kwathi ukuba inkosi yakwaIsrayeli isifundile incwadi eyayithunywé inkosi yase-Aramu kuyo, yaklebhula izingubo zayo, yathi: Mina ngingu Nkulunklulu yini ukuba ngibulale, ngiphilise, ukuze lo athumele kimi umuntu ukumphilisa ochokweni lwakhe na?" Bandla, uJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla; masimethembe yena. "Kwathi uElisha umuntu kaNkulunkulu esezwile ukuthi inkosi yakwaIsrayeli iklebhule izingubo zayo, wathumela kuyo, wathi: Uklebhuleleni izingubo zakho na? Makeze kimi ukuze azi ukuthi kukhona umprofethi kwaIsrayeli." UNahamani weza wema ngasemnyango wendlu kaElisha. UElisha wathuma isithunywa kuye ngokuthi: "Hamba ugeze kasikhombisa eJordani; kuyakuthi inyama ibuyele kuwe uhlambuluke." Bandla, sizwa ukuthi uNahamani akethembanga okushiwo kuye nguElisha umuntu kaNkulunkulu, kodwa wathukuthela, wahamba, wathi: Bengithi uzakuphumela nokuphumela kimi, eme abize igama likaJehova uNkulunkulu wakhe, angiphilise ochokweni lwami. UNahamani uthi: Uma kunje, ngabe ngivele ngageza emifuleni yakithi eDamaseku, ngahlambulula. Bandla, uNahamani ufuna ukubona izimangaliso ezinkulu ukuze athembe ukuthi uzophila. Uma kuthiwa ageze nje kulomfudlana uzophila, akethembi, akakholwa. Kodwa sizwa izinceku zakhe zimluleka, zithi kuye: "Baba, uma umprofethi ebekhuluma kuwe into enkulu, ngabe ungayenzanga na? Kakhulu kangakanani uma ethi kuwe: Geza, uhlambuluke, na?" Bandla elithandekayo, uJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla; masimethembe yena. Bandla, nanti ithemba livuka kuNahamani. Sizwa ukuthi walalela izwi lezinceku zakhe, wenza njengalokhu uElisha umuntu kaNkulunkulu emyalile, wehla wazicwilisa kasikhombisa eJordani, inyama yakhe yabuya yaba njengenyama yomntwana, wahlambuluka. Impela uJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla; masimethembe yena, ngokuba yena akehlulwa lutho. Bafowethu, bodadewethu, kunjani kithi na? Ekuguleni, kuzo izifo eziyizinhlobonhlobo ezisihlaselayo nanamuhla, siyamethemba yini uNkulunkulu ukuthi unguNkulunkulu onamandla na? Nasi nalesisifo esingelapheki, i-Aids, esesihlasele, sabulala abantu abayizinkulungwane ezweni. Wo! Ngubani oyakuselapha na? Akakho, kuphela nguye onguMsindisi uJesu Kristu. Bandla, asimethembe yena na? Noma nathi sifuna ukubona izimangaliso namandla amakhulu njengaye uNahamani na? Umprofethi kaNkulunklul uthi nje: "Hamba ugeze kasikhombisa eJordani, uzohlambuluka." UNahamani, noma waqala ngokungethembi, kodwa wehla, wageza, wahlambuluka. Kanjalo noJesu washo njalo kuleyompumputhe wathi: "Hamba uyogeza echibini laseSilowama." Yethemba, yahamba, yageza, yabona. Kanjalo nakulawaya-madoda ayishumi ayenochoko uJesu wathi kubo: Hambani niyoziveza kubapristi abakhulu, Ethemba ahamba; kwathi esahamba ahlanjululwa, aphila. Bafowethu, nathi masingangabazi, masethembe ukuthi uJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla. Ekuguleni, kuzo izifo eziyizinhlobonhlobo ezisihlaselayo nanamuhla, masigeze echibini elingumkhuleko; masigeze eJordani lomkhuleko, yebo, nakulesisifo sochoko esikhona phakathi kwezinhliziyo zethu, izono. Masizigeze, masizicwilise egazini loMsindisi wethu uJesu Kristu. Khona-ke sizothethelelwa izono zethu, sisindiswe sibe nokuphila okuphakade ezulwini. Yebo, umkhuleko uyamsindisa ogulayo, iNkosi imvuse, noma enzile izono uzakuthethelelwa zona, Jak. 5:15. Masizwe nezwi lesibili elithi: UJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla.

**2. Masimbonge yena.** Bathandekayo eNkosini, amazwi okugcina entshumayelo yethu yanamuhla ayasibizela ekumboneni uNkulunkulu, athi: UNahamani wayesebuyela kulowomuntu kaNkulunkulu, yena nabantu bakhe bonke; weza wema phambi kwakhe wathi: Bheka, sengiyazi ukuthi akakho uNkulunkulu emhlabeni wonke, kwaIsrayeli kuphela; ngakho ake wamukele isipho encekwini yakho." Bandla, uNahamani esehlambulukile ochokweni lwakhe, wabuyela kumprofethi uElisha ukuba ambonge, uthi: Ake wamukele isipho encekwini yakho." Kepha uElisha wenqaba ukusamukela, noma emncengisisa, kodwa akavumanga. Bandla, umprofethi uElisha waqonda ukuthi amandla okuphilisa uNahamani ochokweni lwakhe awaveli kuye, kodwa avela kuNkulunkulu, njengokusho kwakhe uNahamani ukuthi: "Akakho uNkulunkulu emhlabeni wonke, kwaIsrayeli kuphela." Bafowethu, kunjani kithi na? Siyibo yini abambongayo uNkulunkulu osipha ukuphila emzimbeni nasemphefumulweni na? Kunjani ekuhluphekeni, ekuguleni noma osizini lokufa: Siyacela yini kuNkulunkulu onguye ukuba asiphe ukuphila, noma sicela kwabanye na? Siyambonga yini uNkulunkulu osipha ukuphila, noma sibonga amadlozi? Qha! Makungabi njalo kithi, makholwa. Nathi masisho njengoNahamani, esimuzwa emazwini entshumayelo yethu yanamuhla, ethi: "Ngokuba inceku yakho ayisayikunikela ngomnikelo wokushiswa nomhlatshelo kwabanye onkulunkulu, kuJehova kuphela."

Nkulunkulu, uBaba wethu osezulwini, makasisize thina sonke sisawezwa lawamazi, asiphe uMoya wakhe oNgcwele ukuba nathi sivume kanye noNahamani, sithi: UJehova uNkulunkulu unguNkulunkulu onamandla; akakho uNkulunkulu emhlabeni wonke ngaphandle kwakhe. Nathi, ezinhluphekweni zonke esinazo, ezokomzimba nezokomphefumulo, simethembe, simbonge uNkulunkulu yena yedwa. UNkulunkulu makasiphe konke lokhu ngomusa wakhe. Amen.

9. **Umkhuleko:** Nkosi, Nkulunkulu, Mninimandla-onke, sibonga ziwi lakho elingcwele esesilizwile manje. Nkosi, suthisa njalo imiphefumulo yethu ngalo izwi lakho, ngokuba izwi lakho lingukuphila. Nkosi, sithethelele zonke izono

zethu, usiphe siqale ngokusha ukukwethemba nokukubonga ngokuyikho. Sicela konke lokhu ngaye uJesu Kristu owafa wavuka ngenxa yethu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 183/19/1

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2006/2011 ngu-F. J. Mtshali.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.